# UMTHUTHIZIMPAHLA

Bonke abathuthi (bangaphandle nabakuleli/basekhaya) abahambisa noma abathutha izimpahla ziye, zisuke noma zidlula eNingizimu Afrika behamba emgwaqeni kumele bathole imvume/ilayisensi eMnyangweni wokuThelisa wakwa-SARS njengomthuthi wezimpahla eziyisibambiso.

Abathuthi abahamba emgwaqeni abasemazweni angaphandle abahambisa izimpahla kumele basebenze nge-ejenti ebhalisile ehlala eNingizimu Afrika ukuze bakwazi ukwenza ibhizinisi eNingizimu Afrika.

### Imaphi amafomu okufaka izicelo nezithasiselo okumele kugcwaliswe futhi kuthunyelwe ukuze kunikwe uMthuthi weziMpahla eziboshiwe imvume (kubandakanya izinkampani zamazwe angaphandle)?

- DA 185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients
- DA 185.4B6 - Remover of Goods in Bond; kanti
- nesibambiso kumele sanele nayiphi intelo kanye nentelo yezimpahla ezizothuthwa noma ingasiphi isikhathi. Umfakisicelo kumele agcwalise athumele:
- DA185 C – Security Particulars

### Ngingakwazi ukususa izimpahla eziboshiwe/eziyisibambiso ngokusebenzisa ichweba elingaqokiwe?

Cha, izimpahla zivumeleke ukususwa ekuboshweni (RIBs) noma ezithuthwayo (RITs) ngokusebenzisa amachweba emingcele okungenwa noma okuphunywa kuyo.

### Isikweletusibopho sentelo yomthuthimpahla eziboshiwe/ezibambisile onelayisensi/onemvume sizophela nini?

Izimpahla zingeniswe ngokomthetho ngaphansi kwalezi zinqubo ezilandelayo zoMnyango wokuThelisa:

- Ukusetshenziswa ekhaya;
- Ukugcinwa kwempahla eMnyangweni wokuThelisa;
- Ukuthelekisa, kuphela uma kungavezwa ubufakazi bokuthi izimpahla zithelekiswe ngemvume zisuka eNingizimu Afrika; noma
- Ukwemukelwa kwesikhashana ukuze zidluliswe ngaphakathi noma ukwemukelwa kwesikhashana ngenkathi zisalinde ukuphinde zithelekiswe ngaphansi kombuso owodwa.

### Atholakala kuphi amafomu?

Amafomu okufaka isicelo ayatholakala kulesi sizindalwazi noma ehhovisi loMnyango wokuThelisa.

### Uwathumelaphi amafomu?

Amafomu ezicelo kumele athunyelwe ehhovisi eliseduze loMnyango wokuThelisa.

**Isungqangi:** Ngolwazi olwengeziwe, ungabheka i-External Standard - Licensing, Registration and Designation.